Bomvu court procedure. K13/158 1/18

s694(8) ~~AM/3/158~~ K13/158 E. B. Madondo

1. 16 Izinkantolo - Courts.

Kukhona izinhlo6o ezine zezinkantolo phakathi kwesizwe samaZulu:-

Umkhaya - owenganyelwe umnumzane womuzi, njengo6a umuzi wakwa Hlanganangaye wenganyelwe uMshiywa wakwa uyuswa okunguyena nkosana. uZalo: lwenganyelwe yilona oyinkosana kulona lonke, o6aphethe 6onke 6alesosi 6ongo se6ehlangene njengo6a uVuye Mwelase wa6ephethe 6onke 6aka Mwelase. Uyise wa6e yinkosana phakathikwezinsizwa eziyishumi nane ezizalwa uNongcayiza, naye futhi uyinkosana phakathi kwezinsizwa ezingamashumi ama6ili nesishiya galolunye.

uMnumzane wesifunda lonake ungumkhethwa okhethwa yinkosi uku6a aphathe isifunda esithile phakathi kwesizwe njengo6a inkosi yaseKaBomvini uMayizekanye wakhetha uMpempe Ngu6ane a6e
2. umnumzane waso Thame esinye sezifunda zase Mabomvini.

Inkanto yenkosi yesizwe njengo6a uMayizekanye Ngubane eyinkosi yeSizwe sase MaBomvini.

Nampa aBanumzane a6athetha amacala:- uMpempe Ngubane, uMgwenyo6omvu Ngubane, uJu6a Ngubane, uNgoda Phakathi, uGwaziwe Ngu6ane, uDayiswayo Ngubane, uMale6emfene Ngubane, uMaseshe Ngubane. uNdunankulu uMcyawezwe Ngubane, La6a 6onke 6ayizinhloko zozalo lwaku6o, a6anye futhi 6anga 6antwana 6ase Ndlunkulu, 6anga6anumzane futhi.

Uma inkosi izothetha amacala i6iza i6andla la6anumzane 6ezifunda kanye nezinhloko zemizi eseduze zizoliqula. Ukuze umuntwa6eyilungu lomkhandlu othetha amacala, kudi ngeka uku6a
3. ejwayele ezindaweni lapho kuqulwa khona amacala, a6engumuntu ogwe6ayo futhi. Kuze kuthi ukugwe6a kwakhe kwando ezweni, kanti yena ungene nje njengomuntu ozokotha i6andla. Umnumzane noma inkosi a6enesizungu sakhe uma kugwetshwa icala engekho. Njengo6a kwenzeka ku Mankunzine ka Mhlane wakwa Mnomiya waze wa6a yinduna yenkosi uMayizekanye ngenxa yokugwe6a kwakhe, enga6one leli, zombili izinhlangothi ecaleni ezigwe6a ngokufanayo.

/6adingeka.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s694 K13/158

6adingeka 6a6ekhona njalo lapho kuqulwa khona amacala njengo6a 6ase6enza umse6enzi ofanayo nowa 6ashushisi 6asezinkantolo. La6o a6akude 6aziswe ukuthi ayo6egwetshwa amacala ngelanga elithile. Inkosike noma uMnumzane uyaye athumele isigijimi ku6ona noma ayaleze kula6o a6aseduze na6o ukuze 6akatshelo
4. 6angaphuthi. Kwesinye isikhathi uma 6engathola kalanga nóma 6engafiki inkosi noma uMnumzane amacala alelo langa asezonqunyelwa elinye ilanga kodwa lawo angenzima agwetshwe njengo6a kwenzeka ecaleni lika Zenze Ngubane kanye no Ntandane Ngubane lombango, inkosi uMayizekanye yalihlehlisa ngo6a kwa6e kuyicala loM6ango wezinkomo elidinga wona amadoda agwe6ayo. Kodwa elika Ntunta Ndlovu no Sishosonke Mayeni lanqunywa, lezimpahla eza6ezidle amasimu akwa Ndlovu a uMayeni walidlulisa icala lapho kuthiwa akashweleze ngonsumbulwana. Lapho isiligwe6a inkosi yathi icala liyamlahla futhi, izindleko ziphuzulu kwakhe, yalandisa ihlawulo la6a onsumbulwana a6athathwe. Uma kutholakala kahle iqiniso loku
5. omunye wa6anumzane, noma wezinduna, na6e6andla la6agwe6i 6amacala uzumukele izigijimi zakoMkhulu wahlala ngama6omvu noma walile nje ngenkulumo enga6anganhle, usenokukhishwa esikhundleni leso.

Inkosi, uMnumzane, induna, uMnumzane womkhaya, uMnumzane wozalo uyena owengamelayo wonke amacala aqondene naye ngokomthetho. Ilungelo namandla ezinkantolo mayelana namacala:

Inkantolo yenkosi inelungelo lokuqula lamacala: Icala lokulwa elinikeziwe enkosini uHulumeni, noma uNda6aza6antu wesifunda, icala lom6ango, ukulungiselela nokudlulisa icala lokwehlukanisa, icala lom6ango, icala lenhlambu.

6. Umnumzane unelungelo lokugwe6a amacala a6antu 6onke a6ase ndaweni yakhe ngaphandle kwa6antwana 6enkosi. Uma a6antu 6engekho esifundeni sake unelungelo loku6agwe6a uma enikezwa yinkosi. Uma omunye esesifundeni sakhe omunye ekwesinye unelungelo lokuligwe6a icala:-

Icala lom6ango phakathi kwamadodana aka Ntshawuntshawu Phakathi inkosi uMayizikanye yathi icala lelo kuhle liyogcwetshwa

/uMpempe.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uMpempe Ngubane uMnumzane waso Thame 6ona 6enga6aka Gxo6anyawo uMnumzane wa6o uNgoda Phakatho. Nempela waligwe6a uMpempe laphela khona lapho enkundleni ngo6a waligwe6a 6eneliswa 6o6a6ili.

Kwadwa kwathi ecaleni lentomba zana yakwa Madondo eyamithiswa uMfana waka Ntuli wa Gxo6anyawo uMnumzane wakhe uMgoda owaku6o

7. kaNtombazane uMpempe waso Thame, icala lathethwa wuNgoda Phakathi wakwa Gxo6anyawo. Ngoku ngeneliswa kukayise wentombazane.

Uma kwanzeka ukuthi uMnumzane wesifunda leso a6ewufakazi ecaleni, noma a6e yisihlo6o nomunye wala6a a6anecala: njengo6a lapha ecaleni lom6ango wakwa Phakathi umnumzane uNgoda we6engafaka zi kanti futhi kunga6afowa6o 6akayise omncane.

Umnumzane wesifunda unelungelo lokuthetha nokugwe6a wonke amacala umthetho omvumela wona uku6a awaqule ngesisindo sawo adlulisele enkosini, lawo ngoko mthetho nangesisindo sawo adinga ukuqulwa yinkosi.

Umnumzane unenokuhamba na6o uma e6ona kufanelo. Kodwa

8. uma kuyicala aseliqulile waliqeda eselidluliswa ngo6a isigwe6o sakhe singenelisi udingeka a6ekhona alande amazwi esigwe6o sakhe. Njengo6a kwenzeka ecaleni lika Zenze Ngubane noNtandane Ngubane lombango wezinkomo. Untandwe x walidlulisa uMnumzane uMpempe waya walanda phambi kwenkosi sonke isimo asi6onile kulelicala waze wafika esigwe6weni sakhe soku6a uNtandane limlahle icala. A6anumzane a6avunyelwe umthetho ukuthi 6ahlawulise ngezinkomo, noma ngecala lokufa. A6antwana 6enkosi ka6ekho ngaphansi koMnumzane kanye nezise6enzi zakwa Hulumeni ezikhona phakathi kwendawo njenga6alimi kanye na6a Fundisi futhi ukumangala

9. nokumangalela:

Noma u6ani unelungelo lokumangala ngaphandle kwezingane ezisenemiyaka engaphansi kweshumi nesishiyagalo lunye, a6esilisa 6onke ese6ekulile, a6esifazane 6onke ese6ekhulile. Umake umuntu ezomangalela omunye kungumthetho ukuthi amazise ngalokho ammangalela ngakho.

Umake futhi xxxxxx umuntu efuna ukumangalela omunye phakathi komuzi uyamazisa umninimuzi ukuze akwazi uku6ona ukuthi yena

/angeluqede.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

angeluqede yini loluda6a. Umake lumehlula ludlulele kumntmzane wesifunda. Umake umnumzane elamukela icala unquma ilanga lokuqulwa kwecala. Amacala anikwa isikhathi lese esiwafanele njengo6unzima 6awo. Amanye amacala adinga ukuqondaniswa nezikhathi
10. ezifanele, njengecala lezimpahla - izinkomo uma zidle amasimu, icala lokumithisa umntwana womuntu, uma umuntu ephike kudingeka u6ufakazi 6esimo sengane, ukuze kugcwaliseke u6ufakazi.

Ngesikhathi sokugu6a umkhosi kanye futhi nasekuqalweni kwenyanga inkosi ayiwemukeli amacala i6isiwaqula ngo6a isuke isesithu6eni sayo sokushaywa yikhefu. Umuntu omangalela umuntu omunye ngecala lezinkomo ezadla insimu yakhe kodwa sekuse6usika, lelocala lisuke selidlulelwe yisikhathi ngakhoke linga6e lisemukelwa ngo6a selidlulelwe yisikhathi, futhi kungaseko 6ufakazi njengo6a naye eseze wavuna; Njengo6a kwenzeka ecaleni lika Maklasa kaMbidla wakwa Sithole no Mbavula Phungula,

Izimbuzi zika Maklasa zadla insimu ka Mbavula, uMbavula
11. akaze ashesha ukumangala izigundu zaze zahluma, kuthe lapho umbiza usuvunwa kwayikhona emangalayo. Lapho eligwe6a umfo ka Mgulule uMnumzane wesifunda, wakho mbiza ngokuso6ala ukuthi lelicala selidlulelwe yisikhathi, akusaqondakali isimo somonakalo, njengo6a naye uPhungula esevuna njena.

Lamlahla uPhungula icala. Kwafumaniseka futhi ukuthi uPhungula lona akamazisanga uMaklasa ukuthi uzommangalela, ngempahla yakhe edle ukudla kwakhe. Umuntu omangalelwe udinga ukwaziswa ka icala a6ekwe lona, noma ihlawulo elidingekayo kuyena, ilanga lecala lelo a6ekwelona. Ummangalelwa waziswa uMnumzane, noma athumele umuntu ukumazisa ilanga lecala kunye necala a6ekwe lona. Uxenokucela uku6a ilanga elimisiwe
12. lishintshwe. Ngezizathu zakhe eziqotho ummangalelwa, usenokwamukelwa esicelweni sakhe sokushentsha umuku lokuqula icala.

Ummangali kuney noMmangalelwa 6azi6izela 6ona ofakazi. Uma ofakazi 6ala ukuza ecaleni, uMnumzane lowo oqula icala uthumela umuntu oyisithunywa sakhe uku6a6iza, 6ese 6esikhokhela izindleko zoku6a6iza. Njengo6a kwenzeka ecaleni lika Nta6ayezwe Shangane

/no Ntshongweni.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

noNtshongweni wa6ese6i ukuthi ofakazi 6akhe a6avumi ukuza ecaleni 6athi 6ayalima. Umnumzane walimisa icala, wa6e sethumela u Sijumbana Ngcamu uku6a6iza 6aze 6afike ngomuso Ngangomuso 6afika
13. 6onke ofakazi lathethwa icala lamlahla uNta6ayezwe Shangase.

Kuvumile ukuthi i6andla eliqula icala kwesinye isikhathi icala lilone, ngokuvuma omunye wa6o, noma kwesinye isikhathi ngo6a livama ukuthola emzini wakhe utshwala njalo mhlawumbe yena luqo6o atholane nalo, azame ukuthi uma sekuthethwa icala lakhe limmele ukuze lingamlahli. Umuntu ongelona igagu lokukhuluma usenelungelo lokufuna omunye ongahle akwazi kahle ukumbekela uda6a lwakhe ukuze lungonakali. Emacaleni asezinkantolo la6o 6antu a6akhulumela a6anye 6adinga ukuholelwa.

Lokhu kwenzeka ecaleni lasesi Qhozeni lom6ango wamadodana
14. kaSana Sithole, e6anga ifa emuva kokufa kukayise. Indodana enkulu uLangalakhe wa6eyidliwa elikhulu impela ehluleka nokukhuluma aqondise, uNyawozakhe omncane okunguyena owa6e6angisa uLangalakhe ifa eyiciko elikhulu lokukhuma ekwazi futhi uku6eka amazwi ekho ngendlela eso6ala. uLangalakhe wa6esecela uyise omncane uVundla uku6a ammele, nempela uVundla wavuma, lapho seliqulwa icala kwa6onakala ngokuso6ala ukuthi kutholene 6ona a6afanayo ngo6uciko 6ukhuluma, kodwa kwa6o nakala nje ukuthi uVundla lona unolimi oluce6ile oluncimbithekayo futhi nase6andleni noma indodana lena uNyawozake inamazwi aqinile i6andla futhi lapha kwalanga lakhe kulapho li6usa khona, nangalo lolusuku
15. lizoqeda icala liye khona kwakhe, kanti futhi lapha kuMnumzane uVundla lona nguyena silomo esigwe6a amacala alukhuni. Lahle-hliswa icala, Ngelanga elilandelayo amadoda onke ayi6andla la6agwe6i lakhwela kuNyawozakhe, ngo6a phela uVundla lona wa6esevundle ngaphambi kwakhe njengegama lakhe kanti noLangalakhe wasukhe wakhanya ngamandla, 6amnyathela ngezinyawo uNyawozakhe njengegama lakhe, lamlahla icala. Kuthe noma eselidlulisile laya enkosini lafike lamlahla futhi.

Inkokelo yomuntu omele omunye ecaleni utshwala nqesizulu njengo6a kwenzeka ecaleni lamadodana ka Tana uVundla lona owamela

/uYawozake.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16. uyawozake wati efika ekaya kwaNyawozake wa6ese6ekelwe izimbiza ezimbili ezinkulu, ntambama wahlatshiswa izimvu ezimbili, kwa-6uswa impela. Kungumthetho ukuthi umnumzane noma umthethimacala anganikwa izipho zokuthi aze angakwazi ukuthetha kahle amacala, avune loyo omnikile, ngo6a lokho kusho ukuthi umthetho uyathengwa u6u6i 6uthengwe 6enziwe ukulunga. Umenzi wakhe usenokujiziswa kanzima kuthi kanye naye futhi owamnkela ajeziswe futhi ngokunjalo Lokuke kwenzeka ku Mnumzane waseBaQulusini ecaleni lamadodana ka Nokusho wase Mantshalini lapho e6anga insimu yakwanina omncane owa6engenandodana. Indodana encane ya6e yazi kahle ukuthi ayinalungelo, kodwa ngokuzwana noMnumzane yaya kuyena,

17. yalu6uza loluda6a yakhomba izimvu ezine engamnika zona, nempela uMnumzane wa6esethi cha uyoyimela iyithole insimu leyo. Kusukela kuleso sikhathi umnumzane wayixexa lenda6a namadoda lawa agwe6a amacala naye enzela x ukuthi aze amvumele. Kwathi ngelanga lecala, laqulwa qede lamlahla lona omdala uMawewe. Selidlulile icala ulimbi lona omncane wa6esethumela a6afana 6akhe 6ahambise izimvu ezine zomnumzane. Kwathi a6afana 6eziqhu6a 6eya khona kwa mnumzane 6ahlangana noyise omkhulu uMawewe. Wa6ese6uza ukuthi ziyaphi a6antwana 6ezwilo uyise ekhuluma ekhaya

18. 6amtshela ukuthi ngezomnumzane uziphiwe uyise ngo6a emsizile ecaleni a6enalo. UMawewe wa6ese6onga a6antwana, masinyane wafika qedane ekaya wa6esethumela isigigimi kumnumzane sokuthi uyali-dlulisa icala. Kempela ladlulela enkosini. Ngangomuso laqulwa [illegible]

23. I6andla elizolalela amacala lona lihlala ngemuva kuka mmangali nofakazi 6akhe ngo6a ummangalelwa usuke esendaweni engaphambili enkundleni eshisaya a6athi a6akwaZulu useNkundleni kanawana ngo6a alikho ihawu elikhulu engazivikela ngalo ngaphandle komlomo wakhe kanye nofakazi.

6onke a6antu a6angamadoda izinsizwa, amakhehla, amaxegu asenokuyo lakla amacala kodwa hhayi a6esifazana sezingane a6adihgekile, 6ona ngaphandle koku6a 6a6e phakathi na6o ecaleni, noma 6a6angofakazi phakathi kwecala lelo.

24. Kwesinye isikhathi kuyenzeka ukuthi a6antu noma i6andla lixoshwe ngomsindo uma linawo noma inkosi noma umnumzane e6ona icala lelo lingafanele ukugulelwa phakathi kwa6antu a6aningi, mhlawumbe 6anga6antwana 6enkosi, ukuthethwa kwecala la6o phakathi kwe6andla, kuzowisa isitunzi sa6o njenga6antwana 6enkosi. Umake icala lisendlini ofakazi 6ahlala phandle 6aze 6a6izwe, uma icala likwa Nda6aza6antu. Laphoke enkantolo akuvunyelwe uku6anga umsindo, nokuphazamisa icala lelo, kuphela ukuthula nje nokulalela
25. lokho okukhulunywayo, akuhlekwa futhi noma kukhona okuhlekisayo umuntu uhlekela phakathi.

Nxakusathule kuthe nya6onke a6antu 6elindele seku6izwa ummangali uku6a asho lokho akumangalele lona omunye. Nayoke usezosukuma, noma angene xxxxxxx akucaze ngendlela efuphi? Kwesinye isikhathi inkantolo leyo imvumele uku6a acaze kahle zonke izinto ezenseka noma lokho akufunayo, ngokwanele; enkantolo ke yona inamandla okummisa enkulumweni yakhe uma seku6onakala esecaza okunye okungaphathelene necala leli alimangalayo, noma futhi eselanda njalo engasaqedi. Ummangalelwa kanye namadoda
26. omgwamanda ofakazi 6a6izwa emuva kommangalelwa naye esekhulumile ephendula imbuzo ya6agwe6i 6amacala. 6ese 6e6izwa ke. La6ake a6anecala 6anelungelo lokukhuluma konke a6afuma ukukukhuluma ngaphandle kwento ehlambalazayo, nokwethukana, kanye futhi nokuthethisana akuvunyelwe. Ofakazi 6alethwa nga6anye 6aze 6aphelele 6ele 6e6uzwa imi6uzo njalo yi6andla, noma ukushushisi ezinkantolo zakwa Hulumeni, naye omangalelwe a6a6uze imi6uzo

/futhi..... .....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

futhi, mhlawumbe kwesinye isikhathi u6ufakazi 6a6o a6ehlule ngembuzo yakhe lona omangalelwe.

Ufakazi kwesinye isikhathi kuye nzeka angavumi ukufakaza ngento eqondene nomhlo6o wakhe njenge nkosikazi uma indoda yayo
27. noma ingane noyise noma nonina. Ngomthethoke noma 6engathandi 6ayaphoqwa uku6a, 6a6ukhiphe u6ufakazi: njengo6a kwenzeka ecaleni lika Sigujana Tshana no Mahlawe Tshana, 6ezalwa uMavuya Tshana. uSigujana wa6eyi nkosana, uMahlawe engomncane. Kwathi lapho afa uyise uMavuya uSigujana wazithatha zonke izimpahla wathi uyise wa6engaza6ile. Kulelicala wathi unkosikazi wakhe ungafakazi wakhe, inkantolo ayaze yavuma ukwamukela u6ufakazi 6ukankosiza ngo6a efanele ukufakaza ngento esiza umyeni wakhe noma ingenjalo. uMahlawe wa6engakaganwa, nokho u6ufakazi 6akhe
28. a6enza uku6a inkantolo i6one iqiniso lalikhona noma engenaye ufakazi, lamthetha icala naye wathola inxenye yempahla kayise. Emthethweni u6ufakazi 6enkosikazi ifakazela indoda yayo a6uvunyiwe, futhi u6ufakazi 6enkosikazi ngendoda yayo 6udinga umsekeli wa6o, ngo6a kwesinye isikhathi indoda lena ayiphathene kahle nomkayo 6esekuthi uma inecala inkosikazi i6enesifiso sokuthi sengathi indoda lena ingaki6oshwe ukuze nayo ikiphumule.

E6ufakazini 6onke inkantolo noma yiloyo oqula amacala ufuna u6ufakazi 6okuzi6onela kuqala, hhayi o6ukangizwa njengo6a kukhona ofakazi a6afika nokuthi 6ona 6ezwa a6a6onanga. 6onke
29. ofakazi 6akangizwa 6ayakhishwa ecaleni, ngo6a kungekhoqiniso ku6ona a6angahle 6alisha ngempela njengo6a nakhu phela 6ona 6ezwa nje ngenda6a, noma mhlawumbe a6akuzwayo 6ona kungesiwo amaqiniso, na6o futhi a6azi. Lokhu kwenzeka ecaleni lika Macaleni Cele noMawundlu Ngo6ese. uMacaleni wa6e6eke uMawundlu Ngo6ese ngecala lokudla imbuzi yakhe, eye6a. Kulelicala uMacaleni wa6enofakazi a6ahlanu, uMawundlu ofakazelwa umuzi wakhe wonke amakhosikazi ama6ili kunye na6afana ayisishiyagalo mbili kanye noNdongeni owa6elapha khona ngalezinsuku okuthiwa wayidla ngazo, futhi kuthiwa
30. welapha ngayo e6ethela. Lapho seliqulwa wakhuluma uMacaleni, icala ali6eka kuMawundlu. uMawundlu wam6uza ngem6uzo impela

/angayiphendulanga....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

angayiphendulanga wayenelisa njengowo kuthi "Wangiyekeleni ungi6ona ngi6amba imbuzi yakho, ungahla6i umkhosi noma u6ize amadoda eze azo6ona, noma ulande iphoyisa lizongi6opha kuze kuphele isonto na?" Lombuzo akawenelisanga ne6andla lagxila impela nalo kulombuzo. Kwangena ofakazi 6aka Macaleni. Kwafumaniseka ukuthi ufakazi wokuqala uNka6ezemfe uthi yena wezwa nga6afana 6akhe akazi6onelanga, wakhishwa njalo e6ufakazini, kwangena uMavalana Mwelase naye wathi wezwa nga6afana 6akwakhe
31. e6a6elusele eduze komuzi ka Mawundlu, wakhishwa e6ufakazi, kwangena uNdukuzempi Malinqa naye futhi wathi wezwa ngamantombazane akwakhe ayevele ehlathini am6ona uMawundlu eyi6amba imbuzi, wakhishwa kwathiwa u6ufakazi 6akhe o6ukangizwa. Kwangena uCijimpi Mdlayi wathi yena lokhu wakuzwa ngenkosikazi yakwakhe eya6e iyokuka umlilo khona yafika imbuzi leyo ihlinzwa ikhanda layo lingasekho, u6ufakazi 6akhe a6emukelekanga ngo6a kungo6ukangizwa. Kwangena uHlolumuthi Ngubane wathi yena wayizwa impela imbuzi ikhala kodwa akayi 6ona um6ala wayo ngo6a kusehlathini elicinene,
32. okwamenza asole yingo6a wazi6ona ezinye zakhona kwaMacaleni zi6aleka, kukhona ichwane elihambe likhala libeka emuva. Ngalokho ke wa6em6ikela lokho uMacaleni ngo6a ukukhala kwembuzi kwaye kwangena kwaMawundlu. Uthe esedlula khona ntambama wafumanisa inyama yembuzi kukhona noNdongeni inyanga yakhona, ezo6ethela ngo6a selethwese ihlo6o. U6ufakazi 6akhe 6emukelwa.

Kwangena ofakazi 6aka Mawundlu, amakhosikazi nezingane zafakazela ukuyise zonke. uNdongeni wafakaza naye futhi, wa6uza umbuzo olukhuni ukuthi kanti imbuzi nayo iyakwazi yini ukusetshenziswa uma ku6ethelwa ngo6ayeni u6ethela ngemvu emnyama kuphela.
33. uMacaleni wamehlula lom6uzo. Kwase kuhanjwa kulandwa uSikhwantshu kuthiwa njengo6a eyinyanga yoku6ethela uzokusho ukuthi u6ethela kanjani. uSikhwantshu wathi izulu x li6ethelelwa ngemvu emnyama kuphela, hhayi ngembuzi. Lamlahla uMacaleni icala. Wageza uMawundlu ngenkomo ngokumethuka. Uma umuntu elivuma icala e6eka nomufakazi 6okuzilahla inkantolo, imbuza im6uzo ifuna ukwazi ukuthi wenziwa yini uku6a aze akwenze lokho, futhi u6ufakazi 6akhe 6anele ngaphandle kokhu6a inkantolo ifuma iqiniso angalikhiphi

/elamenza.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

elamenza aze angene kulokhu noma enze lokhu okuphambene

34. nomthetho. Ofakazi 6a6uzwa im6uzo njalo ku6o6onke u6ufakazi a6a6enzayo, ukuze kutho lakale iqiniso ngempela a6alaziyo ngecala lelo, futhi 6anela ngelo lokusho lokho a6akwaziyo ngendlela leyo a6akwazi ngayo. Inkantolo noma umquli wamacala usenokummisa ufakazi esakhuluma, am6uze um6uzo kulokho akushoyo noma amkhiphe uma kungufakazi kangizwa ongazi6onelanga yena. Ngaphambili koku6a uMmangali, noma uMmangalelwa kanye nofakazi 6ayafungiswa uku6a 6azokhuluma amaqini so odwa hhayi amanga. 6enze isifungo ngaphambili koku6a 6akhulume.

35. 6athi "Ngiyanyanisa ukuthi amazwi angizowalanda lapha azo6a amaqiniso odwa, ngiyazi ukuthi uma ngiqamba amanga inkosi inkosi iyongijezisa." Icalake lisenokuqulwa liphele noku6a lingapheli li6uye liqulwe futhi ngezinye izinsuku. Icala lisenokumiswa futhi uma 6ona la6a a6amangalelene 6evume lana ngokuthi limiswe ngezizathu ezithile a6azi6onayo.

Uma icala 6elihlehlisa ngezizathu eziphazamisa ukuveza u6ufakazi o6anele mayelana necala mhlawumbe 6efuna a6anye ofakazi akudingekimali yokuhlehlisa icala kodwa uma kunqeko zizathu ezifana nalokho 6alihlehlisa ngemali futhi. Uma u6ufakazi se6utholakele ngokwanele futhi kuyicala elincane nje inkosi noma

36. umgwe6imacala uyasikhipha isinqumo, ikakhulu njengasemacaleni okugaya utshwala o6ungavunyelwe ngenxayengozi eku6ona njengalo6u:- Umawusana isiqatha kanye notshwala 6eSilungu. Kwesinye isikhathi uma icala linzima kuthatha ilanga lonke ukukhipha isigwe6o, noma isonto noma xi
kwakuxx kuphix yinyanga nezimbili ecaleni elilukhuni impela. A6agwe6i hambe 6ayohlola isigwe6o 6odwa, 6aphikisane futhi 6odwa, ngaphambili koku6a kungene a6antu. 6azame ku6e yiloyo naloyo asho isijeziso yena a6ona ukuthi lona dlahlwe yicala usweleke asithole, 6aze 6afike kuleso a6ayovumelana ngaso. Inkosi yona

37. kwesinye isikhathi iyakwenza lokhu uma inovalo nesinqumo sayo noma futhi ingabaza isimo elithethwe ngaso icala lelo, kodwa uma inganga6azi iyalinquma nje yodwa ngaphandle kokucela seluleko, nokutshelwa, noma nokuqagelisana ngesinqumo leso futhi. Kunjalo

/nezinduna.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nezinduna futhi zenzenjalo.

Inkosi noma yinduna isuke yona ichaze isimo sonke secala njengo6a kade ligwetshwa amadoda, ithinte nezihlokwana lezo esazikhumbulayo, njengo6a phela nansi yona ayibali, i6isithi icala ke liyakulahla wena. Lokhuke kwenzeke ecaleni laseMangweni, lamadodana ka Thulwana aye6anga ifa. Seliquliwe icala kwaze kwatholakala izinto eziningi ezikhombisa ukuthi uyise lona u
38. Thulwane ifa lake lonke walabela indodana yakhe encane ngo6a ethi lena endala ayimphathanga kahle, kwathi nje ekugcineni amadoda onke asisola lesenzo ngokuthi wayengayazisi ngani indodana lena enkulu lokhu, ngo6a wayefanele.

Yasukanjalo inkosi yathi noma esefile yena engasekho wona futhi akazange angazise mina ngalokhu; icala lamlahla lona omncane, ngo6a inkosi ayi6anga namqondo wokubiza e6eluleki oda6eni olufana nalolu. Indodana lena encane yathi yona iyalidlulisa icala, inkosi ne6andla 6avumelana ngokuthi kuhle
39. keliyohlolwa liqulwe wundunankulu kuqala uMajiji Ngubane. Lwafika usuku olungali, laqulwa uNdunankulu alaze laphela, nangangakusasa laqulwa ntambama laphela. Kodwa uNdunankulu wathi usafuna ukusihlola, na6antwana 6enkosi isigwe6o sakhe, noma isinqumo wethembisa ilanga elilandelayo ukuthi so6e seSilungile.

Ngakusasa wasikhipha isigwe6o. Wathi kuso6ala ukuthi uNda6aza6antu wayengeke amamukele lona omncane inkosi ingazi noma yona ithi ayazi kodwa lokhu kwabalwa njengo6a nansi incwadi eyalotshwa uNda6aza6antu noyise wakhe. Icala lamlahla lona
40. omkhulu ifa lonke la6uyela komncane lonke futhi. Lona omkhulu waya enkantolo wakufica kubaliwe wadela.

Lapho uNdunankulu eselinqumile lelicala ngokuphambene nesinqumo senkosi, a6athandanga a6antu a6aningi, 6ethi wedelela inkosi kepha kwathi lapho lendodana enkulu ka Thulwane isivela enkantolo kwaNda6aza6antu isho uku6a umfowa6o wa6alwa nase nkantolo njengo6a uNdunankulu eshilo, naye ukuficile lokho, i6andla lonke la6uye lam6onga uNdunankulu ngesinqumo sakhe lethe9 mbisa, ukuthi alisoze lavumela icala lidlule engali6onanga

/uNdun.nankulu.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uNdunankulu wa6eka umqondo wakhe.

41. Muthetho muni osetshenziswayo? Ukuze inkosi, a6agwe6i 6amacala i6andla, nenkantolo umthetho a6ozogwe6ela kuwona icala, 6aye 6ezwe amacala athethwa ngaphambili bengakazitha6athi i izikhundla ase6ekuzo. Kwesinye isikhathi imithetho lena ingamasiko emvelo, umuntu lowo onecala aphambene nawo. Ukuthathela emacaleni amadala athethwayo akwanele ukuthi ngakho nje 6esekuthi icala lelo elikhona linqunywe nje ngo6a kwenzeka, ngo6a la6elithethwa ngesinye isikhathi, nga6anye a6antu futhi ngomqondo wa6o hhayi ingowakho.

Kodwa kuhle nxa icala lilukhuni a6antu a6adala 6a6izwe uku6a 6achushe ukuthi 6ona oyise noyise Mkhulu 6a6enzenjani uma icala limi kanje: Ujengo6a kwenzeka ecaleni lom6ango wefa,

42. amadodana kaMasho6ana wakwa Dlamini aye6anga ifa. uMasho6ana lona wa6enamakhosikazi ayisithupha uMazindela, uMamchumo, uMaSithole, uMaMqamu, uMaMalinga, uMagwa6uzela. Omane amakhosikazi okuqala awa6atholanga a6afana, 6aze 6atholwa uMaMalinga no Magwa6uzela. Kodwa awathola amantombozana. uMaMalinga wangemiswa kwankosikazi uMazindela njengo6a nempela wa6ethathelwe ukuzo vusa yona indlu yakwankosikazi. uMagwa6uzela wamisa indlu yakwakhe nje yedwa okuthiwa yiQadi, kuthe lapho uMasho6ana e6ona, lapha eKhohlwa kwa MaMchunu kungekho mfana wa6esetha6atha omunye umfana wakwa maGwa6uzela emfaka khona, uku6a a6e yindlalifa yakhona, kwase kuthi uMaSithole wamfaka kwankosikazi, kwase kuthi uMaMgamu wamfaka eku6eni yikhohlwa, a6afowa6o 6aka

43. Masho6ana, 6amphikisa kulokhu 6ethi, 6ethi akafanele ukungeniswa ekhohlwa, nokho wakwenza.

Lapho esefile uyise indodana enkulu yakwa MaMalinga lona owangeniswa endlunkulu, wazifuna zonke izinkomo ku6e ngezakhe wamxosha, lomfana wakwa MaGwa6uzela wathi indlu yakwa6o yiQadi, wathi uyena kuphela ozodla ifa la6o6onke onina la6a a6angena 6afana.

Wa6esemangala uNsikana lona wakwa MaGwa6uzela ewa6engenisiwe lapha esemncane, wakhulela khona eno6ufakazi o6ugcwele futhi ukuthi impela lokhu kwenziwa i6andla li6uthiwe liphelele. Lapho

/icala.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

icala seliqulwa kwaMnumzane uMaseshe Ngubane, walidlulisela enkosini ngo6ulukhuni 6alo. Langena enkosini izinsuku ezimbili ngolwesithathu inkosi yathi kuhle kudlule isonto 6ese 6e6uya
44. futhi 6gzo no Nkonyane Ngubane ixhegu elidala ela6e lingumgwe6i wamacala ngesikhathi ku6usa uSomahashi inkosi yamaBomvu.

Kwathi lapho lifudumalayo langana. Wezwakala umfowakwa Ngubane esewa6iza wonke amakhosi zi kuyileyo eyi6uza uku6a yangeniswa phi azo aphela. Wa6esethi "Nkosi ne6andla lakhoku so6ala ukuthi uMasho6ana lona wa6enezindlu ezintathu ezahlukene ihdlunkulu, Khohlwa kanye neQadi. Wa6ese6uza ukuthi izinkomo ezalo6ola uMaMalinga zavelaphi kwathiwa eNdlunkulu. Wa6ese6uza ezalo6ola uMaGwa6uzela 6athi a6afowa6o 6akaMasho6ana kwethulwa indodakazi enkulu yasekwa MaGa6uzela eya6isizelwe ngo6a wakhulelwa esesendle, uku6a iyona eyo6uyise izinkomo zase Ndlunkulu
45. ezamlo6ola. Waphinda futhi uNkonyana wa6uza ukuthi sezakhokhwa yini? Kwathi ye6o, zakhokhwa ngayo indodakazi leyo enkulu uNo6ayeni?

Wa6ese6uza ukuthi umfana lona wangena kanjani lapha eKhohlwa. Impendulo yathi wangeniswa uyise ngo6a engazele khona, ofuna indlalifa yakhona. 6agcizelele impela, 6onke la6o a6a6ekhona mhla ekwenzayo lokho uyise.

uNkonyane waphuma ngelakhe lokuthi uku6a lomfana wa6eyi nkosikazi nga6e kulungile ngo6a phela yinkosikazi kuphela engeni swayo hhayi nje indoda. I6andla lonke lapho ladunguzela walidinga wa6uza e6andleni ukuthi 6ake 6ezwa yini kuthiwa indoda ingeniswe kwenye indlu? wathi ayithengisi, ayilotsholwa futhi indoda.

Wathi iQadi yindlu ezimelongo kwayo nje yodwa, yindlunkulu kuphela enelungelo lapho kunge khondlafa khona ngaphandle kokuba
46. kuthi lowo ongenisiwe lapho azale indlalifa.

Emuva kwalenkulumo yakhe ende uNkonyane wa6esecela ukuthi, 6ampendule ukuthi wayeduka yini uZombane owathetha icala elifana naleli ngalendlela ngesikhathi ku6anga amadodana kaNokusho Phungula. Akwelanga muntu ngo6a 6onke 6eneliswa ukugwe6a kwakhe "wa6esethi uda6a sekungolwe Ngonyama.

/Inkosi.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkosi yona yavela njengokuthi i6andla nalo njengesimo esiphambi kwalo selazi olahlwa yicala ngendlela aseligwe6e ngayo uNkonyane. Lamlahla uMazizimbane wakwa MaGwa6uzela. Inkosi ya6isixoshisa uNkonyane ngentusikazi. Ngokweneliswa uMazizimbana akalidlulisanga icala. uMnewa6o lona ekade6e 6anga naye wamnika izinkomo nhlanu zokumkhipha wa6esemnika
47. omunye futhi ndade wa6o, wakhona lapha.eKhohlwa.

Ecaleni lika Mvuyana Nyawo no Lucwe6u Mathula lapho u Mathula akhulelisa intombazana ka Nyawo, uNyawo wa6esethi kuhle ahlawale akhiphe imvimba nedemesha. uMathula wala kodwa evuma ukuthi loku kwenziwe nguyena. Laya enkosini inkosi yafike yathi "Wena nweqile amasiko nomthotho wesizwe walimaza ingane yomuntu, yaligwe6a yona inkosi yathi ngo6a akukho okuphikayo pho wehlulwa yini? Khipha izinkomo lezo ezifunekayo," Ya6isimhla wulisa ngenkomo ngokwephula umthetho nesiko lesizwe.

Isinqumo nesindleko.

Isinqumo senkosi si6angesimo se6andla eliningi, lapho ligwe6e kwase kuthi eliningi la6uyela ngakhona, noma kade
48. liphambene kalokho okuvunyelwana ngakho ayanquma nje njengo kuthanda kwawo, anga6ina nda6a nokuthi i6andla lithini kuphela nje uma ezwana nomuntu lowo, noma edla kuyena ntshwala. Inkosi isikhipha yona isinqumo uma kungiyona e6igwe6a icala kodwa uma kunguMnumzane uzikhiphela yena naye futhi.

Inkantoloke isizohlawulisa njengokuthanda kwayo, noma njengokuzwa u6unzima 6ecala lelo, kodwa ayidluli enkomeni. Uma umuntu ekhipha imali encane inkosi imnika isikhathi soku6a a6uye ayikhokhe ize igcwale yonke. Umake umuntu lowo engasavumi ukuyikhokha inkosi ithumela ipoyisa layo leyoshaya inkomo noma nga6e kade isincane kangaka nani. Inkomoke edliwe ngaleyo ndlela iyahlatshwa idliwe.

49. Ukudlulisela icala enkantolo enkulu noma yakwaNda6aza6antu: Uma umuntu edlulisa icala kudingeka ayazise inkosi ngaso leso sikhathi noma futhi ingakapheli inyanga, a6eseya enkantolo njalo eseyo6ala icala lakhe kuloyo owemukela amacala. Ilungen

/likhona.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s694

likhona njalo lokudlulisa icala. Kodwa lisenokwaliwa icala uma kungekho zizathu ezizwakalayo zokudlulisa icala. Noma futhi selidlulelwe yisikathi, ukuthi kuze kuphele inyanga. uNda6aza-6antu lowo ophethe inkantolo leyo uyena onelungelo lokwamukela nokwala icala ngezizathu azi6onayo zingafanele, ukuthi livunyelwe ukudlula lize kuye. uNda6aza6antu noMbali waseNkantolo yi6ona a6alungisa ilanga lecala eliyoqulwa ngalo. Ilanga lecala ali khishwa icala lingakemukelwa yinkantolo leyo enkulu. Umake icala selidlulele enkantolo enkulu, liyalalelwa lonke futhi
50. isimo sonke elithethwe ngaso lapha enkantolo encane ukuze ku6ona kale ukuthi inkantolo encane i6iyedukile yini noma qha. Noma lidlula futhi liyakwenye inkantolo enkulu kunaleyo futhi liyafundwa lonke kutholakale isimo leso elaqhutshwa ngaso uma la6o a6asesihlalweni 6ethanda lokho kodwa uma 6ethanda 6aliqala phansi na6o ekuqaleni 6esekuthi izigwe6o zezinkantolo ezincane 6azise6enzise ekugwe6eni icala.

Icala lika Madlozana noSandanezwe 6akaNxumalo 6o6a6ili, lathethwa uMnumzane uMpempe Ngubane lamlahla uMadlozana walidlulisela enkosini. Leli kwa6e kuyicala lezimbongolo ezadla amasimu, uthe lapho ethi uya6uza uSandanezwe ukuthi a6afana 6aziyekeleni zidle insimu yakhe 6amethuka njalo a6afana.
51. Wa6esezama indlela yokuthi a6athole a6ashaye ngaleso senzo sa6o sokudelela. Wa6axosha kaqedane wa6esewa omunye wo umfana othiwa uZwilakhe, washayeka etsheni kwaphenduka ivi ledolo. uSandanezwe wazama ukuli6uyisela, nempela laze la6uyela. Wa6esemfaka uhlaka esemthwala emyisa khona ekhaya kwaMadlozana. E6ona lokhu uMadlozana wa6esethuka uSandanezwe naye. uSandanezwe wa limangalela lelicala kuMnumzane, lamlahla uMadlozana, wa6eseli Hlulisela eNkosini, ethi kungethi ingane yakhe ilimele alahlwe yicala. Lapho enkosini lalandwa futhi lonke uMnumzane wa6esho isinqumo sakhe kanye nezizathu ezimenze anqume kanjalo.

Laqulwake futhi icala i6andla lamsola uMadlozana, lathi naye uyazi ukuthi ukona kwakhe kuthathwe, izimbongolo ezandla insimu yicala elinye lelo, a6afana nenhlamba ya6o yelinye icala

52/lelo.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

52. lelo futhi kanye naye nenhlamba yakhe icala elikhulu lelo. uNdunankulu ngo6a wa6ekhona wathi kungumthetho wesizwe sakithi thina Zulu ukuthi uma umuntu efica a6antwana 6enza okungafanele kuhle a6ashaye noma enga6azi, ngisho noma naye futhi eyisihambi, Kwakufanele uSandanezwe a6ashaye a6antwana futhi lomntwana akalinyazwanga nguyena naye uyasho uthi wawa e6aleka. uNdunankulu wakhomba indelelo enkulu eyenziwe uMadlozana nangokudlulisa icala.

Lapho isilinquma icala inkosi yakhuluma kakhulu ngokudelela kukaMadlozana, lamlahla icala wahlawuliswa ngenkomo, nokugeza uSandanezwe ngenhlamba amethuka ngayo ngenkomo futhi.

Icala lika Ntandane no Zenze 6o6a6ili 6akaNgubane lom6ango wezinkomo lathethwa, uMnumzane ladlula ngokungeneliswa kwakhe

53. uNdandane iNdodana enkulu ka Mehlokazulu ka Mthayi kaNgoza. Enkosini laqalwa phansi futhi lathethwa iNyanga yonke laze lamlahla uNtandane ngokuthi ezinkomo azifuna kuZenze kwa kungezawodade woyise. Uyise kaNtandane wa6eyi nkosana kwa6o kwa Mathwa6aza, enomfowa6oke uZenze namantombazana. uZenze ke walo6ola ngazi izinkomo zodadewa6o a6athathu kanti wa6enikwe wa6amunye, la6a a6anye kunga6aka Mehlokazulu.

uNtandane waphinda futhi walidlulisa icala elidlulisela kwaNda6aza6antu. Lalandwa futhi lonke njengo6a lalandwa ku Mnumzane nasenkosini, nesinqumo soMnumzane nesenkosi.

Laqulwa alaze laphela la6uye langena ngesonto elilandelayo, nakhona lathethwa inkosi ayaze yasikhipha isinqumo. Ngesonto elilandelayo yasikhipha. Yamtshela uNtandano ukuthi uMnumzane

54. nenkosi 6aligwe6a kahle lelicala, ngo6a la6a afuna izinkomo za6o kwakunge 6ona odadewa6o 6akhe kodwa kwakungodadewa6o kazenze ngakhoke noma wayenganikiwe kodwa kwakungodadewa6o, wathi nga6e kuNgcono uku6a icala leli lenziwa uMehlokazulu. Wathi kufana noma kulotsholwa udadewohli kudingeka uma kungeko muntu wakwa6o kayihlo usizwe a6anye oyihlo hhayi nje wena ulo6olise uyihlo, lokho akusiwo umthetho nesiko lakwaZulu. Lamlahla futhi uNtandane, wadela waliyeka, lapha enkantolo kwa6e kugcwele amadoda ayeligwe6a kwaMnumzane nasenkosini, 6ezolilalela.

/Inkantolo.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inkantolo yenkosi noma Irkundla: Ukuthethwa kwamacala enkosini nakwaMnumzane kuyafana. Kufike kwehluke emacaleni abaqalayo ukungena noma lawo adlulisiwe. Lamacala aqhutshwa
55. ngokwahlukene njengo6a icala elidlulisiwe inkosi iyaye i6ize a6anumzane la6o e6ethembile maqondana noda6a olufunwa yilelo cala. Ukuze 6aligwe6ele ekwazini 6engafuniseli.

Ecaleni eliqalayo liyangena njena ku6onakale selithethwa ukuthi lidinga o6ani no6ani. Inkosi i6akhona emacaleni onke kodwa isenokuMelwa uNdunankulu awathethe umacala ingekho. Umake inkosi ikhona i6uza imbuzo lapha kofakazi nakulo i6andla futhi i6uze. A6a6uze 6o6a6ili la6a a6anecala efuna ukuzwa iqiniso la6o. 6esekuthi lapho i6andla solanele x ukugwe6a nayo inkosi isiyamele i6isikhipha isigwe6o secala.

Inkokho yecala noma ukuse6enza kwesinqumo leso seNkantolo: Noma ngasiphi isikhathi emuva kwesinqumo, ngaphandle koku6a inkantolo yona imise isikhathi ayofeza ngaso isinqumo sayo.
56. Inkantoloke yona ikhiphe isikhonzi si6e ngamehlo ayo uku6ona ukuthe nempela isinqumo sifeziwe. Sona ke isikhonzi siyakhokhelwa esenkosi isihlanu, esomnumzane umfagolweni esaseNkantolo yakwaNda6aza6antu isihlanu. Isikhonzi sikhokhelwa yilo'yo olahlwe yicala. Uma kudingeka ukuse6enzisa amandla, kuthunyelwa amaphoyisa akwaHulumeni anegunya lokuse6enzisa amandla uma kudingeka. Uma umuntu engafezi isinqumo senkantolo usenokuhlawuliswa noma a6oshwe. Uma inkantolo ikhipha isijeziso sokushaya eCaleni lenkosi kukhethwa omunye wezikhonzi ku6enguyena ose6enzisa isinqumo leso. Uma kusecaleni lakwaNda6aza6antu isinqumo sivama ukuthwalwa unduna omkhulu wamaphoyisa uSayitsheni, noma omunye ngokukhethwa yinkosi. Uma kuyicala lokufa isinqumo sisetshenziswa yila6o a6akhethwa nguHulumeni uku6a ku6e ngumse6enzi
57. oqondone na6o. Umuntuke a6eseyiswa lapho ezindlini eziqondene nakho, alenqiswe njengesinqumo leso esakhishwa uMgwe6imacala owayephethe icala lakhe.

ENDS. S 694

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.